PWMSA

Progressive Women Movement of South Africa

Indaba:Lindokuhle ekanye noNonceba

Igama lamakhosikazi malibongwe!!! Bekusiphuka izidindi endaweni yaseNelspruit ngenkathi kuhlangene imbokodo izocushisana ngempilo.

Lenkomfa ebihlelwe ngumama uPinky Phosa kanye nomama uKhosi Mkhonto ibe ngenempumelelo emangazayo.Izikhulumi bezisina zidedelana ziqephuza kwazise phela imbokodo ayizibekile phansi.Kulenqgunqguthela bekunezigungu ezintathu lapho bekhulunya ngezinto ezihlukaneke okubalwa kuzo amakhono, umnotho kanye nokuhlukunyezwa ngokobulili.Umphathi sihlalo wezamakhono uPhumzile Mnisi ukubeke kwabasobala ukuthi maningi amathuba avulelwe abesimame, nokumele bawasebenzise ngobuchule bekati ukunqanda ubumpofu osebudlange ngendlela emangazayo kulelizwe lakithi.



Umama uLindi Ntuli-Tloubatla ongusihlalo wenhlangano yababhekelene nekuhlukunyezwa ngobulili uthe " ukuhlukunyezwa ngokobulili kwenzeka kuwo wonke umuntu akukhethe bala lamuntu kodwa abahlukumezeka kakhulu izingane kanye nabesimame . Udlame lwasekhaya yilo olwande kakhulu ngoba lufaka phakathi ukuhlukunyezwa ngokocansi kanye nokushaywa".
Esephetha usihlalo obhekelene nezomnotho umama u Irene Thwala ubeke kanjena "Sigqugquzela omama ukuba babambe iqhaza ukuze sithutukise umnoto walelizwe, nesithemba ukuthi kuzokwenzeka kwazise phe imbokodo ayihlulwa yilutho".

Lenkomfa iqhube kahle kwaze kwafika emaphethelweni ayo nalapho amakhosikazi anikwe abethamele lomcimbi azithole aphiwe amakepisi ukuze avikele ilanga, phela wathinta amakhosikazi wathinta imbokodo!!!.

PHAMBILI NGEMBOKODO, PHAMBILI!!!